Inkanyiso, 18 February 1892

NEWSPAPER: *Inkanyiso*
DATE: 18 February 1892, p5.

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

(Ku Mhleli we *Nkanyiso.)*

MNGANE, -Epepeni lako lika Feb. 11, ngibone ipepa lezindaba zakwa Zulu elipete "ukubekwa kwabafundisi e Sandhlwana." Kwababekiweyo kukona igama lika Jonathan Ngidi wakwa Hlazakazi owab'ake Ekukanyeni engumfundisi wakona. Lo'muntu, u Ngidi, ngambona ngise ngumfanyana loku kuze kube namhlanje inhliziyo yake inye njalo, ngumKristu uqobo. Ngiyambonga umBishopo wakwa Zulu ozekuvusa indhlu emnyama. Umsebenzi wake kubonakala ukuti uwuquba ngenhliziyo yokutanda abantu, kenzi ngesikundhla nje sake sodwa. Bonke abas'Ekukanyeni bazakumbonga umBishopo wakwa Zulu.

Ake ngibeke libe linye engilivumayo Madoda, nango u Msimang ekuluma, usaquba wona njalo engide ngiwatsho, ake nimpendule, mina ngiyumvumela [ngiyamvumela], nani niyazi. Msimang, asibayeke laba abasidhlayo; asipike ngokuqubekela pambili kuko ukudhliwa loko; kumbe kwoti ezinsukwini ezizayo, Opezukonke asibone. Kaloku ake siqinise ngayo le esiyibona singayiboni, ngitsho ukuba sizame ngawo onke amandhla etu ukuba sibe nenhlangano. Inxa wena ubhekile nje kambe, uti kwoti mhlana laba bantu bevunyelwa ukuzipata, njengoba bekucela nje, bayakusenza kanjani-ke tina'ndhlu emnyama? Musani ukucabanga niti nizaude nifunzwa njengengane: kumbulani ukuti inyoni iyazakela. Konje abanye bakiti balibele zinkani zokupikisana, kababukuboni loku esiyiko? O! zituta.

Ngingowako,
MAGEMA MAGWAZA

P. M. Burg, Feb. 13, 1892.

LEGEND:
[ ] word by transcriber

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.